

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL UNOMUSA
DUBE-NCUBE KUMCIMBI KA-OPERATION SUKUMA SAKHE, EMPHISE
SPORTS FIELD, KWAMAPHUMULO**

30 MARCH 2022

Mphathi wohlelo

uMayor waKwaDukuza; Cllr L Nhaca

USomlomo woMkhandlu weLembe; Cllr MZD Shandu

Ward Champion; Cllr MP Bhengu

INkosi yeSizwe; INkosi CW Hlongwa

Deputy Director-General at the Office of the Premier; Mr Z. Mnqayi

HOD Champion wasoThukela; Mr Ntokozo Chonco

DTT Chair in UThukela; Mnu SP Gumede

Provincial Convener of OSS; Ms B Bhengu

Izinduna

Amakhansela

Izikhulu zomnyango nezikaMaspala

Amalunga omphakathi

Ngibanibingelela!

SinguHulumeni wesiFundazwe siphakama nokubonga wonke amalunga omphakathi wakulendawo okuhlenganisa yakwaWard 3 KwaMaphumulo kanye nezinye izindawo.

Ukuza kwethu lapha laphaya kwisiFunda seLembe namhlanje kungenxa yokuthi thina siyiKhabhinethi yonke siyaqonda ukuthi savotelwa ukuze sibe sezikhundleni zobuholi esiFundazweni.

Indawo yaKwaMaphumulo isondele kakhulu enhlizweni yami ngoba name enye ingxenye yempilo yami ngayichitha khona lapha futhi nginezihlobo nabahlobo bami abakuyona lendawo yakwaMaphumulo. Ukuzabalaza kwabantu baKwaMaphumulo ngiyakwazi futhi kwakuhlale kusenzizweni yami ukuthi ngelinye ilanga sibone lendawo ithuthuka ifana nezinye izindawo ezikhona esifendeni seLembe nasesiFundazweni saKwaZulu-Natal.

Angaphezu kuka 15 amaproject avakashelwa ngoNgqongqoshe bonke namhlanje beholwa nguNdanankulu. Sikushayela ihlombe ukuthi uHulumeni eze kubantu ukuzobheka inhlobo yabo nanokuthi yikuphi abadinga ukuthi kusheshe kuzombululeke.

Ngenkathi abavoti besigixabeza ngalomthwalo wokubathuthukisa, bakwenza lokho ngoba besethemba. Nathi salamukela lelojoko ngenxa yokuzethemba ukuthi sinawo amandla namakhono okufeza amaphupho alohulumeni wentando yeningi wokwenza impilo engcono kuzo zonke izakhamizi.

Siyaqonda ukuthi fanele ngaso sonke isikhathi sihambe phambili ezinhlelweni zokulwa nobubha, ukuphucula ezemfundo, ukulethwa kwengqalasizinda, ezolimo, ukulwa nobugebengu, ezempilo kanye nezinye izidingo zomphakathi.

Namhlanje, sizozinisa ukusebenzisana phakathi kukahulumeni wentando yeningi kanye nezinhlaka zomphakathi. Kungaba yiphutha ukuthi sizitshela thina njengohulumeni ukuthi kulula ukuletha izidingo emphakathini ngaphandle kokusebenzisana nawo.

Nkosi yesizwe;

Yingakho sithi yonke iminyango kahulumeni ayisebenze ngokubambisana iphinde ibandakanye abaholi bomphakathi kanye nomphakathi wonke ngaphansi kohlelo **iOperation Sukuma Sakhe**.

Yingakho savumelana siyiKhabhinethi ukuthi wonke ama-Ward akulesisifundazwe sakwaZulu-Natal fanele abenama-War Rooms. Ama War Rooms yilapho okuphekwa khona zonke izinhlelo zokulwa impi yobubha.

Njengoba ngaqokelwa ukuba ngihole uMnyango wezeZimali ngiyazi ukuthi kulendawo kuningi okumele kuxazululwe ukungenelela koMnyango kaMgcinimafa ukuze sishintshe izimpilo zabantu bakithi abentulayo.

Baba Meyu Nhaca;

Ukuze siyinqobe impi yobubha kanye neyokugqoza kwentuthuko sithi izisebenzi zikahulumeni, izinhloko zeminyango kahulumeni okuhlanganisa bonke oNgqongqoshe fanele ngaso sonke isikhathi kuhlanganwe ema War Rooms ukuze kucutshungulwe izingqinamba ezenza izinhlelo zikahulumeni zingasheshi ukufikelala kubantu.

Engifisa ukukugcizelela kakhulu ukubaluleka kokuthi yonke iminyango kaHulumeni kumele yenze isiqiniseko ukuthi iyayihambela imihlangano yama-War rooms. Kubalulekile ukuthi amaphoyisa, abezeMfundo, abezeMpilo, abezeNhlalakahle, abezeZindlu kanjalo nabezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya bayahambela lemihlangano. Ngibala leminyango ngoba yiyona engucabanga ukuthi ithinta kakhulu abantu bakithi ekuhlaleni.

Esikucelayo-ke mphakathi wakithi ukuthi izinto enizilethelwa uHulumeni niziphathe kahle nizazise futhi. Asingaboni sekunezinyokanyoka noma sekuntshontshwa ugesi.

Futhi izakhiwo zethu asiziphathe kahle. Kungathi uma singenelisekile ngekhansela lethu uBaba uBhengu bese sishisa amaHholo nemiTapo yoLwazi okuyizinto esisuke sisebenze kanzima ukuziletha emphakathini.

Ukhansela-ke kuba uyena Shampeni weWard futhi oba uSihlalo wemihlangano yethi kumaWar Rooms njengoba eyilunga lomphakathi elikhethwe ngokusemthethweni ngentando yabantu.

Uma ngingena kwezentuthuko angiqale ngibalule udaba lwamanzi okuyilona olubalulekile ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. UHulumeni wesiFundazwe uholwa uBaba Sihle Zikalala naye okhona lapha kwaMaphumulo kuWard 9 KwaDludla, wethula uHlelo weProvincial Water Master Plan esiFundeni saseHarry Gwala ngo-October nyakenye. LePlani ibaluleke kakhulu ngoba ngayo sizokwazi ukuthi siphuthume ngamandla ukuletha izinhlelo zamanzi. Ubaba uSenzo Mchunu onguNgqongqoshe wezaManzi nenHlanzeko naye wabamba isithangami eThekwini ukusazisa ngezinhlelo zamanzi. Asifuni nowodwa umuzi ukuthi ungabi nawo amanzi kulendawo yakwaMaphumulo.

Mphakathi wakithi;

Siyaqonda kakhulu ukuthi umphakathi omningi wakulendawo udinga kakhulu amanzi. Ngifisa ukuqinisekisa umphakathi ukuthi uma ikhona indlela kube khona ngisho ama Jojo Tanks ukuqinisekisa ukuthi amanzi ayatholakala.

Siyasazi futhi nesimo samaThoyilethi – (ablution facilities) ukuthi awekho ezindaeni zasemakhaya. Yizinto lezi esizisukumelayo singuhulumeni sisebenzisana noMasipalala abaholwa yiziMeya zethu.

Sizibophezele ukuthi indawo yakwaMaphumulo yonke ithole intuthuko njengakwezinye izindawo. Uma ubheka nje, nazi izibalo zethu.

- Abantu baKwaZulu-Natali abangamaphesenti angama-85 bathola **amanzi okuphuza** ahlanzekile kumamitha angama-200;
- Isibalo **sezindlu zangasese** sisuke kumaphesenti angama-53 ngowezi-2011 saya kumaphesenti angama-61 ngowezi-2016;
- Isibalo semizi **esinogesi** sinyukile sisuka kumaphesenti angama-78 ngowezi-2011 saya kumaphesenti angama-89 ngowezi-2016;
- Izinga **lokuthuthwa kwemfucuza** selinyukile lisuka kumaphesenti angama-78 ngowezi-2011 laya kumaphesenti angama-89 ngowezi-2016.

Kwezokuhlaliswa kwabantu nokuhlinzekwa kwezindlu,

UMnyango wezokuhlaliswa kwaBantu oholwa uBaba uMhlonishwa uJomo Sibiya onguNgqongqoshe usazisile ngezinhlelo eziningi onazo nozenzayo kulendawo yakwaMaphumulo. Ngizothanda ukubika ukuthi lapha kwaMaphumulo kunama-Project okwakhiwa kwezindlu ami kanjena:

- **Maqumbi Housing Project** kwaWard 4 enezindlu ezinhlnziwe ezingu 300 ezobiza R44,3 million futhi eqhubekayo osekuchithwe R30.5 million kuyona. Iqale ngoJanuary 2020 futhi kulindeleke ukuthi iqedwe ngoSeptember 2022

nonyaka yize kuke kwabikwa ukubambezeleka. Zingaphezu kuka 150 esezakhiwe.

- **Qadi Housing Project** elaphayana kuWard 8 ezoba nezindlu ezingu 50 kodwa sibheke ukuthi ekugcineni zibe ngu 1000 izindlu ngaphansi kwaloluhlelo. Bekulindeleke siqale ngo January 2022 siqede ngoJune 2022 sisebenzise imali engu R6.7 million. Into ebambezele lapha ukuthi kwagasela ama-Business Forum namanje abengakafuni ukuthi usonkontileka aqale. Siaylusebenza singuHulumeni lolodaba.
- **Maphumulo 10 OSS Housing Project** kuWard 7 yona eneziza ezingu 10 okumele kwakhiwe khona kanti kuhlonzwe R1, 3 million. Lapha kunonkubambezeleka ekuqashweni kukasonkontileka futhi umsebenzi bekumele uqale ngo June 2021 uphele ngoJune 2022 nonyaka.

AMANYE AMAPROJECT ESIBHEKE UKUWAKHA

- **Nombokojwane Rural Project** kuWard 6 no10 lapho sibheke ukwakhiwa kwezindlu ezingu-1000. Kodwa lapha uNgqongqoshe usaxazulula izinkinga ezibhekene naleProject kodwa besesiqashile usonkontileka ongu-Isibuko Development Planning.
- **KwaZubane Rural Project** kuWard 11 nalapha usonkontileka ukhona lqhina Consulting Engineers and Project Managers. Nalapha kusafakwe isicelo sokuthi uNgqongqoshe kwenziwe kabusha uStage 1.
- **Mambulo Rural Project** kuWard 2 wona-ke musha sha kodwa uMaspala noMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu usazochaza kabanzi ngaleProject.

EZOKUVAKASHA

uHulumeni Wesifundazwe uzoqhubeka usebenzise i-Tourism Master Plan okuwumhlahlandlela otshengisayo ukuthi sisozifukula kanjani ezokuvakasha kulomasipala.

Yize izwe lethu belibhekene nokwehla kwezinga lomnotho, ezokuvakasha zingomunye wemikhakha ebilokhu isimeme futhi okulangalahlekanga misebenzi kuwo.

Lokhu kusinika ithemba ngekusasa. Angeke kulunge ukuthi kunyuke izinga lokuntuleka kwemisebenzi futhi kumele senze konke okusemandleni ethu ukuqinisekisa ukuthi abantu bayaqashwa.

Intsha yethu iyona okumele icijwe ngamakhono adingekayo ezimbonini zemisebenzi. Ngesinye isikhathi, imisebenzi iba khona kodwa kushode amakhono adingwa abaqashi. Ukubhekana nalesi simo, imfundo nokuqeqeshwa kuzoqhubeka nokugxila kakhulu kwezamakhono.

Amazwe athuthukile kwezomnotho, njenge-Germany, Denmark, Norway, Switzerland ne-China agxile ekufundiseni amakhono. Umnotho udinga amakhono, kanti futhi amakhono avulela intsha amathuba okuzisebenza. Kumele sikhuthaze ukuzisebenza ngokuhlinzeka izinsiza kubandakaya nokuthuthukisa uxhaso lwezezimali lwamaBhizinisi amaNcane nasaQala.

Mayelana nalokhu, sinesibopho sokuphucula ezemfundo ngokuqeda ubuphofu obuholela emiphumeleni engemihle yezemfundo, ephinde nayo ibuyisele abantu esimweni sobuphofu. Lokhu kuzoba umzamo ohlelwe nocatshangwe kahle wokugqabula lamaketanga obubha.

Ukuguqula izindawo zasemakhaya

Mphathi wohlelo, ngifisa ukukuveza ukuthi sigxile kakhulu ekuthuthukiseni izindawo zasemakhaya sakhe namathuba emisebenzi.

Ngikhulmile nakwiSabelo-mali sami ukuthi siqhuba uhlelo lwe-**Radical Agrarian Socio-Economic Transformation (RASET)** ukuvulela abalimi abancane izimakethe zikahulumeni lapho uhulumeni ezibophezele ngamaphesenti angama-50 okuthenga ukudla kulawo mabhizinisi abantu ababencishwe amathuba phambilini.

Siqale i-Operation Vula njengesu elihlose ukusebenzisa uhlelo lokubhekana nokungalingani okukhulu okusekhona emnothweni wethu.

Kuleminyaka edlule singuhulumeni wesifundazwe nesigqunguzela ukusungulwa kwemifelandawonye phecelezi ama Co-Operatives. Kuningi esikufundile engithemba ukuthi kuzosisiza ukuqinisekisa ukuphumelela kwama Co Operatives.

Sizokubeka phambili ukusabalalisa izinhlelo zokuqeqesha amalunga ama Co-operatives nokuhlanganisa ama SMMEs.

Sizogxila ekuqeqesheni amabhizinisi asakhula asingathwe ngomama kanye nentsha emikhakheni ehlukehlukehene njengemabhizinisi, amaciko, ezolimo okuhlanganisa amapulangwe i-Timber.

Asiphucule ezemfundo

Asisebenzisane ukuqinisa ezemfundo ukuze sakhe isizwe esiphumelelayo. Fanele ngaso sonke isikhathi siqinisekise ukuthi izingane zisezikoleni, ziyafunda futhi fanele sibaxhase othisha bethu. Abazali abagqunguzelwe ukuthi babambe iqhaza ekufundeni kwezingane zabo kungayekelwa kothisha kuphela.

SinoNgqongqoshe omusha u Kwazi Mthethwa okuyimanje uvakashela izikole ukuyohlola isimo othisha abasebenza ngaphansi kwaso. Useke waba nemihlangano nezinyunyana kanye noThishomkhulu ebagqunguzela ukuthi kubhukulwe amasokisi ukuze imiphumela yokuphela konyaka ibe mihle.

Kusiphatha kabi ukukhulelwa kwezingane ezisafunda. Sicela sisebenzisana ukuze lesisihlava esibi kangaka siphole. Kuyasishaqisa nokubona isenzo sothisha ababa

nobudlelwano nezingane abazifundisayo. Asisho singabi namahloni ukuthi ingalo yomthetho izothatha indima yayo.

Izinhlelo zokulwa ne HIV-Aids kanjalo ne-TB

Kubalulekile ukuthi sisebenzisa ukuze siqobe isifo sikamashayabhuqe i-HIV ne AIDS. Siyazi ukuthi lesisifo sesashiya izintandane entulayo yingakho sinemikhankaso esabalele koMasipala bonke ukuze sihlenge isizwe sethu kulomashaya abhuqe. Sifisa ukusebenzisana nabaholi bendabuko emaWar Rooms ngaphansi kohlelo lwe District Aids Councils ukuze senze umehluko.

Ngeledlule besihambele esiFundeni soThukela eMhlumayo sithunywe uNdunankulu nabanye oNgqongqoshe sihambisa umyalezo wokulwa nesifo sofuba – i-TB. Mphakathi wakithi kuningi esesikuzuzile saphumelela kukona ekulweni ne-TB kodwa kusaqhubeka ukuthi sibacwase abantu abanalesisifo. Ngakho sithi phansi nalomkhuba ngoba noma ubani engayithola i-TB. Asibathande sibanakekele, sibaphe uthando futhi sibakhuthaze badle amaphilisi abo.

Asilwe nobugebengu

DDG Mnqayi;

Ngizwe ngidabuka kakhulu ukuthi kulendawo akucaci kahle ukuthi yisiphi isiteshi samaphoyisa okumele sisize kulendawo. Loludaba lufunwa ukuthi siludlulisele kuMnyango wakwaCommunity Safety kanjalo naseHhovisi likaKhomishana wamaPhoyisa kwisiFundazwe uBaba uJenene uMkhwanazi. Akukwazi ukuthi imiphakathi yakithi iphiliswe ngaloluhlobo. Imingcele ekhona ngokwe-SAPS neCluster yawo kumele isukunyelwe ixazululwe.

Sizibophezele ukuthi sisebenzisane nabaholi bezendabuko ukuze silwe nobugembengu siphinde sakhe isizwe esihlonipha umthetho.

Siyagqugquzela ukuthi izinhlelo zokulwa nobugebengu nazo zicutshungulwe kumaWar Rooms. Imiphakathi eminingi iyahlupheka ngenxa yokutshontshwa kwemfuyo, ukugqezwa kwebiwe impahla kanye nobunye nje ubugebengu.

Asilwe nokudayiswa kwezidakamizwa, ukuthengwa kwempahla etshotshiwe siphinde sigqugquzele ukusebenzisana namaphoyisa. Izigebengu eziningi zihlala emphakathini yingakho kufanele singathuli kodwa sisebenzisane namaphoyisa.

Nginifisela konke okuhle.

Ngiyabonga.